# UKUHLOLWA KWENGQALASIZINDA EMANDENI

**UNGQONGQOSHE** wezokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zomDabu, uBongiwe Sithole-Moloi, ebambisene nobuHoli bonke obungaphansi kwesiFunda Ilembe, bavakashele indawo yase Mandeni ngenhloso yokwethula izinhlelo zentuthuko edidiyelwe.

Njengengxenye yalokhu kuvakasha, ungqongqoshe uhlole waphinda wavula ngokusemthethweni ingqalasizinda yomphakathi,, esingabala kuyo iPhrojekthi yokufakwa kwamanzi endaewweni yase Macambini, ihholo lomphakathi eWard 13 kanye ne Swimming Pool yase Mandeni



WWW.MANDENI.GOV.ZA | Mandeni Local Municipality

# KUPHENDUKA ISOYI EMANDENI

**UKUHAMBELA** kuka hulumeni wesifundazwe eMandeni kuwubufakazi bokuthi ubuholi bakulendawo kuzibophezele ekushintsheni izimpilo zabantu kanye nokwenza umsebenzi oqondene ngqo nezinkinga zomphakathi. Ukwazi ukuthi ngabe yini efunwa umphakathi, lo Masipala uyaqinisekisa ukuthi imihlangano yentuthuko edidiyelwe ihlanga ngempumelelo, ulalele izidingo zomphakathi bese uphendula ngokwenza ngqo okushiwo ngabantu. Mhlaka 19 March 2024, uhulumeni wesifundazwe ubuvakashele lendawo ukuzohlola osekwenziwe ukushintsha izimpilo zabantu nokuthi ngabe kusesimweni esikulungele yini ukudluliselwa emphakathini, nanka amazwibela;

## MACAMBINI WATER SCHEME

Kuhlolwe isiphehli manzi esisohlinzeka umphakathi wase Macambini ngamanzi, lokhu kwenziwe ngokubambisana nesifunda iLembe. iMacambini Water Scheme izoshintsha izimpilo zabantu abaningi abanenkinga yokuthola amanzi kulendawo.





## WARD 13 HALL

Livulwe ngokusemthethweni ihholo lase Ward 13, e-Island. Leli hholo liyimpendulo yezikhalazo zamalunga omphakathi, lendawo kade intula indawo yokuhlanganyela kanye nesizinda esingaba uvezikhono entsheni yakulendawo.

## MANDENI SWIMMING POOL

Indawo yokubhukuda yase Mandeni nayo ibengezinye zezindawo ezihloliwe zaphinde zatuswa ngobuhle bazo kanye nokuba seqophelweni eliphezulu. lendawo idlala ndima enkulu ekususeni intsha emgwaqeni



**IXOXWA NGEZITHOMBE** siyabonga mphakathi wase Mandeni ngokwamukela izivakashi zethu nokuzibonisa ukuthi siyindawo enokuthula nozinzo










OKWENGEZIWE

# KUDINGIDWE IZINGQINABA ZAKWA NDABAZABANTU

**UMASIPALA** wase Mandeni wamukele abaphathi beminyango ka Hulumeni eyahlukene, umnyango wakwa Public Service Commission obumelwe ngu Nksz. Yasmin Bacus kanye nomnyango wakwa Home Affairs obumelwe ngumphathi uMnu. Mncwabe.
Inhloso ngqangi yalokhu kuhlangana, bekuwukudingida ngezingqinamba ezibhekene nehhovisi lakwa Home Affairs eMandeni kanye nokuqhamuka nezisombululo ezizolekelela ukusebenza ngendlela efanele yaleli hhovisi eMandeni.
Umphakathi wase Mandeni, usube nezikhalo kanye nemibono eyahlukene ngendlela ofisa kulekelelwa ngayo kuleli hhovisi, nazo zibe ingxenye yalomhlangano ukucacisela abaphathiswa ngoshintsho umphakathi ofisa ukulubona kulendawo





---

# UKUHLOLWA KWENGQALASIZINDA NGEZITHOMBE

**IXOXWA NGEZITHOMBE** siyabonga mphakathi wase Mandeni ngokwamukela izivakashi zethu nokuzibonisa ukuthi siyindawo enokuthula nozinzo







